**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

**IMIKLOMELO: 75**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, no-C.
- Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
- Ungaxovi izinombolo zemibuzo.
- Umsebenzi omuhle nobunono buyaziswa kakhulu.

---

ISIGABA A

**UMBUZO 1**

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

I. Kwathi lapho imijaho seyiphela uBhekani wahamba wayozivalela endlini encane, waqala ukuyibala imali ayeyizuzile.Kwathi lapho esefika ezinkulungwaneni ezimbili zamarandi, wayeka ukubala imali, wahlala wathula zaze zaphuma lezi zinsizwa. Wayengakaze abuye nemali engaka emjahweni uBhekani. Wangena etekisini wazeneka ngemuva. Wathi efika ekhaya, wazithela kuSamvu, umkakhe emhlangabeza. Wamanga wathi: "Samvu ngithanda wazi lokhu Mondise wami. Inhloko-dolobha, ngesiNgisi abathi yiCapital City ayinayo intombi efana nawe ngesakhiwo somzimba, ngobuhle nangakho konke nje langa lami."

2. "Ayi, ayi Bhekani musa ukudlala ngami wena. Kanti beniyobheka izintombi yini lapho niqhamuka khona? Kwenzenjani, wesasa kangaka myeni wami?" kubuza uSamvu emangaliswa ukwenama komyeni wakhe ayekade akugcina.

3. Waphinde wamanga futhi. "Ngehle kathathu kuChurch Street, ngenyuka kathathu kuLong Market, ngadavuza kanye kuRetief Street kodwa angiwubonanga umgqusha ongangawe nonjengawe Mondise wami. Senginenkolelo egcwele yokuthi angilobolanga ngokwanele ekhweni lami, ngakho-ke hlala phansi sibale nazi nje izibizo ezilibika lokuthi abakwaMacingwane koGabanganye bayeza basazokokha umlilo futhi. Hlala phansi Samvu wami kesibone ukuthi malini lena." "Awu Bhekani, uyithathaphi le mali? Ayi-bo Bhekani, uyithathephi le mali engaka?" kubuza uSamvu ngokukhulu ukumangala.

4. "Akukho engingekwenzele wena langa lempilo yami. Musa ukungibuza lokho wena Samvu, asibale imali lena. Umnumzane akabuzwa koti. Konje niyafika lapha eFaziland. Imithetho yakhona anikayazi. Bala imali lena. Konje nina nikhule nibala ngamatshe nezinti zikamentshisi, niyadideka uma into ebalwayo iqeda iminwe nezinzwane? Bheka-ke, le mali ibekwe ngamashumi alishumi lamarandi. Kusukela namuhla igama *lephedi* liyaphela. Sizothola enye imoto futhi uma nje ike yaphuka lena, ngisho iphantsha isondo nje, sizoyithengisa bese siyothenga entsha saka s'thandwa sami."
5. USamvu wakhanyisa amakhandlela abomvu, wacisha ugesi wasethinta inkinobho yomsakazo, indlu yonke yagwinywa yingoma eyayisholo phansi ithi, *I knew, I know and will always know that you and I were made for each other.* Yasho ingoma uBhekani wamthatha phansi uSamvu wakhuphuka naye. Wakhumbula ukuthi ngalolo suku eminyakeni eyisithupha eyedlule uSamvu wamqoma ngemuva kokummisa izinyanga eziyishumi nanhlanu. Wakhumbula futhi ukuthi ngalolo suku kwakungathi yena Bhekani angagibela izintaba atshele izwe lonke ukuthi uSamvu usemehlule; kwakuthi akamise wonke amabhasi nezimoto nezitimela azibikele lezo zindaba ezimnandi.
6. Izinyanga abase bezihleli ndawonye beshadile zaziyinjabulo evutshelwe ngenye injabulo; babebhushuzela kumagagasi entokozo kungathi basebhishi lothando. Izwi likaSamvu lalisapholile, limkhumbuza ngalelo langa besebhishi yangempela, uSamvu ethi: "Uthando lwakho selungahlule Bhekani. Ngiyakuthanda noma ngangizitshelile nje ukuthi mina angizukuthanda muntu wesilisa." Izandla zikaSamvu zazisenaleyo mfudumalo yangaleliya langa eyenza basuke bahambe ibanga elide ngezinyawo ngosuku uSamvu amvuma ngalo. Pho! Izithandani ziyayizwa yini indlela. Ziphila emhlabeni wazo zodwa.
7. Baqala-ke, ukudla bandlalela ngesobho lamakhowe, elalandelwa ngufishi omhlophe nesosi emhlophe. Ingqikithi yedina kwaba yinkukhu engxishiwe kanye nemifino emibalabala. Kwabe sekulandela uphudingi no- ayisikhilimu. Kwehliswa lokhu nge*fruit punch.*
8. Besadla-ke, babekhumbuzana bencokolisana ngezinsuku ezindala uthando lwabo lusaphuphuzela okwezimpaphe zamachwane, luseqa amagagasi. Yayibahlekisa nokho eyokuhamba ngezinyawo indlela ende kangakaya. Nomculo opholile nawo wawulokhu ushilo kungathi ubhebhezela lobu bumnandi ababebuzwa. UBhekani wazizwa esethi: "Baqinisile abathi 'lapho kukhona uthando, nendlela ikhona.' " "Yiqiniso lelo sithandwa, uthando ngumanqoba. Ngalo lodwa nje, kudilika izintaba, kushe izikhotha, kome iziziba nezilwandle, kuqhephuke namadwala. Kukho konke esikwenzayo Bhekani wami, sidinga uthando. Masiqoqe siyolala."

Buthelezi JC N Kushaywa Edonsayo

1.1 Yini eyenza uBhekani ename kangaka namuhla? (2)

1.2 Bhala umusho ofakazela ukuthi uBhekani kwakungeyena umuntu owayehlala eneme. (1)

1.3 UBhekani lapho ekhuluma esebenzisa la magama:

"Langa lempilo yami." Usuke ewabhekise kubani? (1)

1.4 Ingabe uBhekani wake waba nayo yini imoto? Sekela impendulo yakho. (2)

1.5 Kwakungubani umkaBhekani? Bhala igama nesibongo. (2)

1.6 Khetha impendulo okuyiyona kwezilandelayo:

1.6.1 AbakwaMacingwane abakwa:

A. Mchunu.
B. Mbatha.
C. Sibisi.
D. Khumalo.

1.6.2 Iphedi umuntu

A. oyiphanta.
B. oyisinqibi.
C. ohamba ngezinyawo.
D. ohamba ngemoto. (2)

1.7 Phendula ngoYebo noma ngoCha bese usekela impendulo yakho ngokubhala umusho ocashunwe endabeni: UBhekani akamtshelanga unkosikazi wakhe ukuthi imali uyayithathephi. (2)

1.8 Yini eyenza ukuba uBhekani abone sengathi akalobolanga kahle ekhweni? (2)

1.9 UBhekani nomkakhe base benesikhathi esingakanani bethandana? (1)

1.10 UBhekani wayemshele isikhathi esingakanani umkakhe? (1)

1.11 Tomula imisho esiqeshini esingenhla esho lokhu okulandelayo:

1.11.1 Kwakukhulunyelwa phezulu kunomsindo. (1)

1.11.2 Babejabulile behleka. (1)

1.11.3 Angeke esahamba ngezinyawo usezothenga imoto. (1)

1.11.4 Kwakumnandi ekhaya kugcwele umoya wothando nokwazisana. (1)

1.11.5 Baqala ngokuphuza isobho lamakhowe. (1)

1.12 Bhala isihloko ocabanga ukuthi singafanela le ndaba. (2)

1.13 Kusho ukuthini ukokha umlilo ngokwesiqephu esingenhla? (2)

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]**

ISIGABA B

## UMBUZO 2

Fingqa le ndatshana elandelayo ngamagama angama-20.

**Ukubekezela kunempumelelo**

Bambalwa abafundi abafunda baze baqede isikole bengazange baphinde nelilodwa ibanga. UZitha ngomunye wabafundi owayeneshwa lokuphinda ibanga noma kathathu. Kwakuthi abanye uma bephuza, bebhema, umthole eqhiyeme odongeni, umbone nje ukuthi ujulile ngokucabanga. Akekho-ke owayazi ukuthi ucabangani ngoba wayengathi vu ngisho noma sebemhleka abanye abafundi. Ngenhlanhla waciciyela waze waphumelela ebangeni leshumi ngemuva kokuwa evuka iminyaka ngeminyaka. Ingwijikhwebu yenzeka lapho eseseyunivesithi. Ingani awukho nowodwa unyaka awuphinda. Ngokuphazima kweso wabe eseqedile. Uthini-ke esethola umsebenzi ophezulu. Phakathi kwabantu ayebaphethe kwakukhona ababili balabaya bafundi ababemhleka besafunda. Oyedwa wazidela amathambo waya kuye wathi: “Zitha, ungifundise isifundo mfanakithi ukuthi ukubekezela kanti kunomphumela onje! "

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

ISIGABA C

## UMBUZO 3

Funda le ndatshana elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**Ukwamukela izivakashi**

1. Ukuba nobuciko bokwamukela izivakashi uzenze zizizwe zisekhaya kuyisisekelo esibalulekile kwezokuvakasha.
2. Njengoba abantu besuka kumazwe ngamazwe bevakashela izwekazi lethu, umsebenzi wokwamukela izivakashi, udla ubhedu kanti amahhotela adlala indima esemqoka ekunikeni izivakashi ezikudingayo. Ayancintisana ukuze izihambeli zethu zingawuvali umlomo ngempatho yawo.
3. Abenza umsebenzi wokwamukela izivakashi bavame ukusebenza amahora amade, kubandakanya nezimpelasonto namaholide. Kodwa laba abawukhonzile umsebenzi wabo, bavuna izithelo ezinhle, bagcine sebedumile.
4. Abaqashi abakule mboni bavama ukubheka labo abafundele *iHospitality Management k*uqala babuye benze nezinye izifundo ezihambisana nokuvakasha.

3.1 Bhala umsebenzi kankamisa wokugcina egameni izivakashi bese ubhala owakho umusho ngaleli gama. (2)

3.2 Ibizo elithi izwekazi **linesijobelelo kazi** esisho isikhuliso. Bhala umusho usebenzise isijobelelo u-**kazi** asho ubulili besifazane, bese usidwebela. (1)

3.3 Bumba umusho ozoba **nezabizwana** ezisetshenziswe zalandelana emshweni, bese udwebela amagama ayizabizwana. Bheka isibonelo ngezansi.

Isibonelo: Ngifuna ukuhlala kulo <u>lona</u> <u>leli</u> hhotela. (2)

3.4 Iphimbo liyawuguqula umqondo wegama. Bhala imisho emibili ngesiqu sesenzo <u>duma</u> uveze imiqondo emibili eyehlukene. 2x2=(4)

3.5 3.5.1 Qala lo musho olandelayo ngegama elidwetshelwe.
Umalume ubhema <u>ugwayi</u>. (1)

3.5.2 Nikeza igama **lenguquko yomsindo** eyenzeke ngenhla. (1)

3.6 Funda le misho elandelayo ubhale kahle amagama akubakaki bese ubhala inguquko eyenzekile.

3.6.1 Abafundi bathola ithuba (laukuzibusa) uthisha engekho. (2)

3.6.2 Kuhle (ukuazi) ngezifo ezithathelwanayo. (2)

3.7 Bhala lo musho olandelayo bese **unciphisa** igama elidwetshelwe.
Wahlala <u>isikhathi</u> esincane wase evalelisa. Shono igama lenguquko eyenzekile. (2)

3.8 Guqula lo musho ongezansi ukhombise **ukuphika**.
Izisebenzi zasemahhotela zibaphatha kahle abantu. (1)

3.9 Guqula lo musho olandelayo **ubesenkathini eyadlula:**
Abantu abenza umsebenzi omuhle bayathandeka. (1)

3.10 Hlanganisa le misho emibili elandelayo wenze umusho owodwa.
- Ubaba akaphilile namuhla.
- Ubaba uya kwadokotela. (1)

3.11 Yakha imisho ngesenzo **phatha** kuvele lezi **zimpambosi:**

3.11.1 yokwenzela. (2)

3.11.2 yokwenzisa. (2)

3.12 Bhala imisho ngesenzo **bamba** kuvele lezi zindlela zesenzo ezilandelayo.

3.12.1 yamandla. (2)

3.12.2 yesimo. (2)

3.13 Sebenzisa lezi zisho emishweni:

3.13.1 ukudla ubhedu. (1)

3.13.2 ukungawuvali umlomo. (1)
**[30]**

**UMBUZO 4**

Bhala imisho ezoba nalezi zimpawu:

4.1.1 Abacaphuni. (1)

4.1.2 Umbuzo. (1)

4.1.3 Isibabazo. (1)

4.2 Bhala amagama esiZulu esikhundleni salawa adwetshelwe:

4.2.1 Umalume uhlezi exhibeni uphuza utshwala ngojeke. (1)

4.2.2 Umama uthenge ukhiye omusha walesi sicabha. (1)

4.3 Hlukanisa kahle la magama adwetshelwe:

4.3.1 Lencwadi imnandi. (1)

4.3.2 Hambake ntombazane, sobonana kusile. (1)

4.4 Lungisa. Faka ofeleba nezimpawu zokuloba:

4.4.1 ibhola likanobutshuzwayo lidlalelwa ezinkundleni zasegoli kulo mgqibelo esiya kuwoamathikithi atholakala khona 6x½=(3)
**[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 75**

**ISIPHETHO**